

UMkhathilibe Ephaketheni Lami



# Imifanekiso Emkhathini



Grażyna Stasińska  
Paris Observatory



Lomdwebo  
olinganiselwa kwizi-  
17,000 ubudala  
osentaben iLascaux  
eFransi ukhombisa  
iqoqo leziNkanyezi  
elibizwa ngesiLimela.

Isicaba esatholakala eJalimane  
esikholelwa ukuthi senziwa  
eminyakeni eyizi-4000 eyedlule  
sikhombisa iLanga, iNyanga,  
kanye neziNkanyezi ezimubalwa,  
okubalwa kuzona nesiLimela.



‘Inkazimulo  
yomkhathi  
eRhône’  
umdwebo  
odumile  
owadwetshwa  
ibhunu uVincent  
Van Gogh, lapho  
khona umuntu

ekwazi ukubona isiShomo ufeleba  
weBhele.


Uma ubuka umkhathi ebusku obuthe gwe, uzobona ukuthi iziNkanyezi kuba sengathi zidweba imidwebo thizeni.

Lemidwebo, ebizwa ngeziShomo, ayishintshi nhlobo nobusuku.

Kodwa-ke iyanyakaza : njengeLanga, iziShomo « ziyabalela » empumalanga ziphinde « zishone » entshonalanga. Umdwebo wonke uyagwebuka ngobusuku nobusuku kodwa utholakala endaweni efanayo emva konyaka owodwa.

Akuzumi nhlobo ukuthi kusukela emandulo, abantu bazo zonke izinhlanga babewubhekisia umkhathi, owawudlala indima yomtholandlela enkathini kanye nasemkhathini.

Iyona ndlela imfundondalo yezomkhathi eyaqala ngayo.



IziNkanyezi zesiShomo  
iMpambano nemigqha  
yokuzakhela  
ezixhumanisayo.

Ngenhla: Umdwebo  
wesiShomo iMpambano  
owadwetshwa ngo-1687  
udwetshwa imfundindalo  
yomkhathi yamaPholishi  
uJohannes Hevelius  
kwibalazwe lakhe lomkhathi.

Kwesokudla: IMephу  
kaDunhuang, ishadi  
lamaShayina leziNkanyezi  
lesentshuri lesi-7,  
likhombisa isiShomo  
iMpambano.




Kusukela emandulo abantu  
babeqamba iziShomo-ikakhulukazi  
amagama ezilwane noma  
onkulunkulu babo-baphinde  
bazakhela izinganekwane ngazo  
lezodziShomo.

Isibonelo, isiShomo impambano  
ngesingisi ebizwa nge-Orion,  
yaqanjwa ngamaGrikhi. Ziningi  
izinganekwane ezixoxwa ngayo i-  
Orion, unkulunkulwana omuhle.

ososayensi baseShayina babazi  
ngempambano beyibiza ngoShen,  
umzingeli noma lqhawe.

AbaseGhibithe babematanisa  
lesisiShomo nonkulunkulu wabo u-Osiris.


Abokuqala ukuthi bayiqambe  
kwakungamaSumeriyeni; bayiqamba  
ngo-Uru An-na, okusho ukuthi  
'ukukhanya kwezulu'.



IsiShomo iMpambano  
ibukwa eningizimu  
nenkabazwe, lapho  
sibukeka sibheke  
phansi.

Isishishila somdwebo  
wengwanekwane  
abantu base-Australia  
abayibunganisa nalesi  
isiSomo.

Ikhehla igama  
lomdabu  
laseBrazili  
elisho  
isiShomo  
esakhiwe  
iziShomo  
iMpambano  
kanye  
noCwazibe  
(isithombe  
sithathwe  
emnyuziyemu  
yase-  
Amazonia.)




# IMpambano « eguqukezelwe »

Izinganekwane zakwamanye  
amasiko zihlukile kakhulu.

Kusukela kuma Yollngu, abomdabu  
base-Australia, IMpambano  
iyisiklebhe esiphethe izinsizwa  
ezintathu ezilamanyo  
ababeyodoba. Oyedwa wabo wadla  
iNhlanzi ababengavunyelwe  
ukuyidla. Ngokudinwa, inkosikazi  
yelanga, yakha iNkanyamba  
eyathatha isiklebhe esasithwele lezi  
izelamani yasiyisa esibhakabhakeni.


Inganekwane ehlukile exoxwa  
ngabomdabu base Brazil: isiShomo  
sendoda simele indoda uNkosikazi  
wayo owayefela umfowabo.

Wabulala umyen'i wakhe,  
wamunqamula umulenze owodwa.  
Onkulunkulu bamuzwela base  
bemushintsha bemenza isiShomo.



Umzungezo welanga kaNomkhubulwana.  
Izinhlobo ezahlukene zezishomo  
ziyabonakala ebususku ngezikhathi  
ezahlukene zonyaka.

Abantu abami  
mabhekana  
kwizigungu  
zomhlaba  
bahlanezekile  
mawubaqhathani  
sa, kanti futhi  
babona izishomo  
zihlanezekile.




IziNkanyezi zibonakala ebusuku kuphela: emini, zisuke zifihlwe ukukhazimula kwelanga.

Onyakeni, uMhlaba uzungeza iLanga okudala ukuthi izingxenye ezahlukene zoMkhathi zibonakale ngezikhathi ezahlukene zonyaka (Bheka umdwebo ekhasini elilandelayo).

Imbulunga yeZinkanyezi iyimbulunga yokuziqambela ezimeke eMhlabeni lapho khona iziNkanyezi ezikhokhelwe khona kanti futhi zibonakala sengathi zinyakaza khona.

Indlela yeLanga kwimbulunga yeZinkanyezi iyindilinga enqamula kwizishomo ezisondelene nesicaba somjikezelo somhlaba ekuyingelezeni kweLanga. Lendlela ibizwa ngecathamo.



Isiwahla sesentshuri lesi-6 esikhombisa  
iSondo lesicathamo elinemidwebo  
yamaGrikhi.



Icathamo lamaShayina, lalisetshenziselwa  
ingoboco, lihlukile kuncathamo  
lasentshonalanga **10**

# Ezomkhathi kanye nokufundwa kwezinckanyezi

Igama elithi icathamo lidume kakhulu ngenxa yobudlelwano elinabo nokubhula ngokusebenzisa indawo lapho iLanga lisuke likhona kwicathamo ngosuku lakho lokuzalwa. Ababhali balemibhulo babizwa ngezicathamo, kanti bahlukile kunezimfundindalo zomkhathi!

Ezomkhathi ziyyisayensi echaza iphinde izame ukuqondiswa zonke izinto ezisemkhathini (imizulane, iziNkanyezi, imiThalakazi). Ukubhula ngokusebenzisa icathamo akusiyo isayensi. Ligabadelu ukuthi kunobudlelwano phakathi kwendawo ilanga elikuyona kanye nemizulane kanye nezimpilo zabantu. Asikho isizathu sokuthi lokhu kubenjalo. Inganinjalo, kunobufakazi obuningi obukhombisa ukuthi lokhu akusilo iqiniso.

Ifulegi laseBrazili likhombisa iziShomo,  
okukhombisa ukubaluleka koMkhathi  
kuBantu, ngisho nangesimanje-manjethe



Ngo-1927 kwabanjwa  
umncintiswano  
wokukhetha ifulegi lase-  
Alaska. Umnqobi kwaba  
uBenny Benson, umfana  
oneminyaka eyi-13  
wase-Alaska. Wabhala  
wathi: ` Inkanyezi  
yasenyakatho iyikusasa  
le-Alaska, esenyakatho  
kakhulu kwinyunyana.  
Isidwenguli esafeleba  
weBhele —esikhombisa  
amandla.

Ifulegi laseBrazil.  
IziNkanyezi zalo  
ezama-27 zimele  
izifundazwe zakhona  
kanti zihlelwe  
ngendlela efanayo  
naseMkhathini  
obonakala eBrazil.




# IziShomo kanye nezomkhathi

Ikhulu leziNkanyezi ziyabonakala ngaphandle kokusebenzisa izipopolo zomkhathi. ekuhambeni kweminyaka, sezafakwa kwiziNdumayezi zomkhathi ezinemidwebo emihle ekhombisa iziShomo.



Ngesinamuhla ososayensi sebekwazi nokuklala ibanga eliska eMuhlabeni liya kwiziNkanyezi. KwisiShomo esisodwa iziNkanyezi zisuke zigzagqene kanti ayikho into ezihlanganisayo. Yize sithanda ukuzibona ziyinto eyodwa.

Ngokusebenzisa izipopolo, singathola iningi leziNkanyezi. Ngowezi-2014, kusetshenziswa izipopolo i-Newton Telescope eCanary Islands, ososayensi baklabhuza indumayezi eyayiqukethe inani eliyizigidi ezingama-219 leziNkanyezi.



IziShomo  
ezidumile

Amawele



IBhubesi

UFezela

Idadandlovu



Amawele, kwisifanisa  
somngcilikisha wokudalwa  
sasePersia sowe-  
1537, esasilotshwe ngu-  
al-Qazwini ngowe-1250.



I Bhubesi, kwi-  
Uranometria  
yasosayensi we Jalimana  
u Johan Bayer (1603).

UFezela, kwisivumelano  
sezimbulunga  
sidwetshwe ngu-Andalo  
di Negro ngowe-1330 .



Idadandlovu,  
kwindumayezi  
yasomkhathi  
wamaNgisi u John  
Flamsteed (1729).

# UMkhathilibe Ephaketheni Lami No. 5

LeNcwajana ilotshwe ngowezi-2015  
ilotshwa uGrażyna Stasińska wase Paris  
Observatory (eFransi) yase iningilizwa  
uStan Kurtz wase UNAM Radio  
Astronomy Institute eMorelia  
(eMeksiko).

Isithombe esiseKhaveni sikhombisa  
umdwabo "imu esemkhathini", isiShomo  
esikhona cishe kuwona wonke amasiko  
abomdabu base-Ostreliya. Asichazwa  
iziNkanyezi kepha sichazwa amabala  
amunyama abonakalayo mawuqhathanisa  
neNdlela entusi.



Ukuze ufunde kabanzi  
ngalolu uchungechunge  
kanye nesihloko esithulwe  
kuleNcwajana, sicela  
uvakashele  
[u<http://www.tuimp.org>](http://www.tuimp.org)

ukuhumusha: Nhlanhla Mbambo

TUIMP Creative Commons

